

ULanga uya esikoleni ngezinyawo.

Ilokhu esuke ekhaya ekuseni kakhulu.

Ikhaya lakhe likude nesikole.

Ujabulile ukuphindela esikoleni ngoba izikole bezivalwe izinyanga.



Endleleni uyama kubo kaMandla.

Sekunesikhathi eside uLanga engamboni umngani wakhe.

Bebangavumelekile ukudlala ndawonye.

Babingelelana ngezindololwane nangezinzwane abafana bejabulile.



Abafana bayaqhubeka bayahamba. Babelangazelele ukuba sesikoleni.

Besese njengoba bexoxa ngezikathaqa wezwe.

“Ubuwenzenjani ukuzivikela kuleli gciwane?” kubuza uLanga.



“Besivuka ekuseni sigeze izandla zethu. Siphinde sizigeze futhi ngaphambi kokuba sidle,” kuphendula uMandla.

“Yebo, sigeza izandla njalo nje!” kuvuma uLanga.

“Sikhe namanzi njalo,” eqhubeka.



“Ngangijwayele ukuhlala nabangani bami kodwa manje angisakwazi ngoba asivumelekile ukuhlala nabantu abaningi,” kusho uMandla.

“Kunemithetho eminingi emisha,” kusho uLanga ngokukhathazeka.



“Kufanele uvale amakhala nomlomo ngesifonyo uma uphumela ngaphandle. Uma ukhwehlela kufanele uvale umlomo wakho ngendololwane. Emva kokukhwehlela kufanele ugeze izandla,” kubala uLanga.




“Lapho ngihlala khona asisakwazi nokudlala ibhola,” kusho uMandla.

‘Lapho ngihlala khona abantu abadala abasakwazi ukuyolanda imithi yabo emtholampilo,” kusho uLanga.



“Leli gciwane nothaqa wezwe kubaphazamise ngempela abantu abahlala emaphandleni,” kusho uLanga.

“Asisakwazi nokuya edolobheni ngoba amatekisi namabhasi akusahambi,” kusho uMandla.



“Abantu abaningi abaziphilisa ngokuthengisa abasakwazi ukuthengisa,” kuqhubeka uMandla.

Abafana sebethule manje. Njengoba sebesondela ngase sikoleni sebeqala ukushesha.



ULanga uthi, “Ukuzilibazisa, bengiwasha futhi ngilekelela nasekuphekeni. Bengibuka nomabonakude bese ngiyafunda.”

“Mina bengizidlalela ibhola. Bengisiza umama, bese ngifunda izincwadi zezindatshana,” kusho uMandla.

Abafana bafika esikoleni ngesikhathi.

## Imibuzo

1. Ubuwenzani ukuzivikela egciwaneni lekhovidi? Chaza.
2. Ekhasini leshumi abafana bakhuluma ngabebekwenza ngesikhathi esedlule. Bhala amazwi abo kube sengathi bakhuluma ngento abayenza manje.
3. Bhala amagama abo kube sengathi bakhuluma ngento abazoyenza kusasa.

Le ncwadi yezindaba ixoxa ngemibiko yomsakazo i-RX Radio. I-RX Radio ngumsakazo wezingane we-inthanethi futhi osakaza izindaba ezithinta zona.

Isakazela esiteshini esisesibhedlela saseKapa i-Red Cross War Memorial Children's Hospital.

I-RX Radio isiza izingane ukuba zikwazi ukuxoxa izindaba ngezinto ezibalulekile kuzona.

Vakashela i-RX Radio